

**INKULUMO KANGQONGQOSHE WOMNYANGO WEZOKUBUSA  
NGOKUBAMBISANA KANYE NEZINDABA ZOMDABU, KWAZULU-NATALI,  
UMHLONISHWA NOMUSA DUBE-NCUBE EMCIMBINI WOKUGCOTSHWA  
KWENKOSI YESIZWE SAKWA MYENI U BHEKITHEMBA MYENI NGAPHANSI  
KOMASIPALA WESIFUNDA UMKHANYAKUDE**

**17 APRIL 2014**

**ISilo SamaBandla Onke, Hlangalezwe, Bayede!**  
**Indlunkulu ephakathi kwethu;**  
**Amadun'eSilo athamele lomcimbi;**  
**Amalungu ahloniphekile ephalamende akhona;**  
**Izimeya namakhansela abakanye nathi namuhla;**  
**Ubuholi bonke ngokuhlukana kwabo;**  
**Izikhulu zikahulumeni kuzona zonke izinhlaka;**  
**Izihambeli ezikhethekile;**  
**Kanye nazo zonke izihambeli ezikhona ngokuhlonipheka kwazo.**

Egameni likaHulumeni wesiFundazwe noholwa nguNdunankulu uMnumzane uSenzo Mchunu, ngifisa ukuzwakalisa ukuthakasa kwethu ngokuba yingxene yalomcimbi obaluleke kangaka lapha esifundazweni sakithi.

Lolusuku Iwanamuhla, nomcimbi wanamuhla, uyingqanyizivele ngoba sizokhumbula futhi siziqhayise ngobuthina namasiko ethu ngokuba iSilo samaBandla sisigcobele ngokusemthethweni Inkosi yesiZwe sethu, Inkosi uBhekithemba Mnyeni. Uma sisemcimbini ofana nalona kufana nokuthi sizothatha amandla, sizifake nogqozi olusha emkhankasweni wethu wokwakha isizwe esisimeme, lapho khona indlala ifana nenganekwane futhi kunenhlonipho nokuzwana khona.

Hlagalezwe, ngingakayikude ngifisa ukusho ukuthi Ngimi lapha egameni likaNgqongqoshe wezokuBusa ngokuBambisana neziNdaba zoMdabu, udadewethu uNomusa Dube-Ncube nokunguyena Ngqongqoshe osebenza ngokusondelana

kakhulu namakhosi. Umhlonishwa akakwazanga ukuba lapha namhlanje ngenxa yokuxakeka kweminye yemisebenzi kodwa utho ngimedlulisele esizweni amazwi okuhalalisela umndeni neNkosi kulomcimbi oqopha umlando kulendawo namuhla.

Hlanga Lwezwe esinye sezikhali ezinkulu ezasetshenziswa ngabacindezeli ukuba babukele phansi lokho okungamagugu ayisisekelo sethu njengabantu abangumsinsi wokuzimilela kuleli. Okukhulu kakhulu wukuthi abacindezeli basenza saze sagcina nathi sesikubukela phansi lokho okungokwethu. Babekwenza lokhu ngoba beqonda kahle ukuthi uma ufunu ukuthunaza isizwe, phakathi kwezinto okufanele uzenze ukuba ufenyise lokho okungamagugu isizwe esiziqhennyayo ngakho. Yingakho uthola emlandweni ukuthi abaholi bomdabu abazange bakuthole ukuphumula ngaphansi koHulumeni wengcindezelo. Ukuba amagquma namathafa akulendawo ayakhulumu ngabe namhlanje sonke siyawuzwa umlando wamaqhawe namaqhawekazi ethu alwela ukungaphazamiseki kwendlela yethu yokuphila.

Ngokuqonda ukubaluleka kwalomlando yingakho uHulumeni wethu wathi uma ethatha izintambo wabona ukuthi ezinye zezinto okufanele azenze ukusebenza ngokuzikhandla ukuqhakambisa lokho okungamagugu kithina phakathi kwakho okuhlanganisa ukuthuthukisa isithunzi sesakhiwo sobuholi bomdabu. Kuhlala njalo kuyinhloso kaloHulumeni wentando yeningi ukuqinisekisa ukuthi isakhiwo sobuholi bomdabu siyathuthukiswa ukuze sidlale indima yaso ebalulekile emazingeni empilo ahlukene kanye nasezindabeni zomhlaba.

Hlanga Lezwe iNkosi uMnyeni ozoyigcoba namuhla, igcotshwa ngesikhathi esibaluleke kakhulu emlandweni ngoba lomsebenzi wayo wenzenka enyangeni lakhona sigubha inkululeko yethu thina njengoba sonke sazi ukuthi kukuyo lenyanga lapho khona izigidi zabantu beSilo zaphuma ngothi lwazo zathi cithi saka ukuyovota okokuqala nokwaholela ekutheni kuwe umbuso woHulumeni wobandlululo kungene inqubo yentando yeningi.

Uhulumeni wengcindezelo wadala omukhulu umonakalo ngalena nje kokufenyisa lokho okungamasiko ethu. Umonakalo engikhuluma ngawo umbandakanya nokungahlinzeka kwezindawo zamakhosi ngentuthuko. IslFunda salapha eMkhanyakude, lendawo eyingxenye yaso yisona esalimala kakhulu ngokungahlinzekwa ngentuthuko ngoHulumeni bangaphambili. Kuthe uma kungena

IoHulumeni ukuthuthukiswa kwalesiFunda sakubeka eqhulwini, yahlonzwa njengendawo ebhekwe ngqo nguMongameli ukuthi ithuthuke (Presidential node).

Akubanga yisikhathi esingakanani sayibona imigwaqo, salwa nomalaleveva (malaria), zangena izindlu, wangena ugesi kwezinye izindawo, angena namanzi. Impilo iqalile ukuphucuka. Kodwa yithina kuqala esivumayo futhi ukuthi akukeneli futhi usemkhulu umsebenzi okufuneka siwenze. Asimile-ke siyaqhube ka.

umnyango wethu wezamanzi nenhlanzeko uphezu kwezinhlelo zamanzi ezevile ku 1 billion. Inhloso ukuthi wonke umuntu owakhele lendawo kumbandakanya nesizwe sakwaMyeni baphuze amanzi ahlanzekile.

KukulesiFunda futhi lapho uHulumeni akha khona inxanxathela yezingqalasizinda zokuthuthukisa umphakathi laphaya eNdumo ebizwa ngeNkululeko Development. Ngiyazi futhi ukuthi kulendawo kwakhiwe izindawo zamalayisensi asisayi eRichards Bay kodwa siwathola lapha nje koMhlabuyalingana nakhona uyakufundela ukushayela. Ngiyabona akhona amaThusong Centres, amaLibrary. Ngiyazi neFET nayo iseziinhlelweni. Kodwa futhi anginiqinisekise ukuthi kusekuningi okuzayo. Njengamanje siphezu kwezinhlelo zokufukula umnotho kulendawo. Yingakho sibambisene nabobonke omasipala siphezu kokuthuthukisa uMhlosinga Development Agency, ukuze kube yiwona othuthukisa lendawo uqhamuke namasu okwenza imisebenzi emikhulu nokuheha abatshali zimali. Uhlelo Iwethu Iwe EPWP neCommunity Works Programme, luxoshe indlala emiphakathini eminingi kulendawo.

Hlanga Lwezwe ngingakuqinisekisa ukuthi njengoba sikhuluma uma ungena lapha emahlathini udlula koMkhuze kushunqa uthuli kufakwa ingqalasizinda kwakhiwa nezingqolobale (resevoirs) zokugcina amanzi. Ishemula Water Scheme isihambe elikhulu ibanga. Asihlezi siyasebenza ngoba siluqonda kahle usizi lwabantu bakithi kulendawo.

Kulendawo yaseJozini iningi labantu likukhuthalele ukulima. Yingakho Silo sanquma ukuthi sibakhele i-Pack House okuyindawo yokugcina izitshalo zabalimi abasafufusa ukuze zingaboli zihambe bayozidayisa benze inzuzo. Mangisho ukuthi uHulumeni uyakukhuthaza kakhulu ukuba abantu balime njengoba uhlale ushumayela Hlanga

Lwezwe. Ngizwile ukuthi eminye yemikhiqizo esiyidlayo emadolobheni amakhulu njengakoThekwini, ipuma khona lapha nokuyinto enhle kakhulu.

Hlanga Lwezwe, inkosi ozoyigcoba ngokusemthethweni namuhla ithatha izintambo ngesikhathi lapho izwe lakithi libhekene nezinselelo eziningi. Lapha ngingabala ukukhulula abantu bakithi osizini lobubha, ukulwa nobhubhane Iwesifo sengculazi nokuhlumelisa izimilo kubantu bakithi. Lezi yizinselelo ezidinga ukuthi kube khona okukhulu ukusebenzisana phakathi kwazo zonke izinhlaka zobuholi bomphakathi.

Ubuholi bomdabu bungubuholi obubalulekile ezweni lakithi futhi nabo bulindeleke ukuba budlale indima ebonakalayo ekuthuthukiseni imiphakathi yakithi nokwenza ngcono izimpilo zabantu abakhele lelizwe lakithi. Thina njengohulumeni wentando yeningi sikuqonda kahle ukuthi imizamo yethu yokuthuthukisa nokwenza ngcono izimpilo zabantu bakithi ngeke yahamba ngesivinini esifanele futhi ngeke yaba nemiphumela emihle uma abaholi bonke bomphakathi bengasebenzi ngokubambisana.

Sikholelwa ekutheni uma abaholi besebenza bebambisene yiyona ndlela kuphela lapho singakwazi ukusebenzisa umfutho kanye nobuhlekani bethu sonke ukuze sakhe imiphakathi edlondlobele futhi onothile. Umphakathi onakekelayo esiwuphokophelele kumele uqinisekise isithunzi sazo zonke izakhamizi ngokuthi kube nempilo engcono kubo bonke abesifazane, abesilisa kanye nezingane.

Njengoba ugcotshwa namhlanje Nkosi ehloniphekile yazi ukuthi unezinselelo ezibalulekile zokukhuthaza ubunye kunokwahlukana esizweni, ukwakha umoya wesizwe esisodwa kunoqhakambisa amalungelo akhethekile edlanzana. Ufanele ugquqquzele isizwe ukufingqa imikhono sisebenzele ukulwa nobuphofu nokwakha impilo engcono kuwona wonke umuntu kulesisizwe.

Siyethemba ukuthi inkosi ezogcotshwa yiZul'eliphezulu izosihlonipha isihlalo sobukhosu ibahlonihe nabantu bayo ngoba ubuholi obuqotho obuqondayo ukuthi yonke imibono ibalulekile. Siyethemba futhi ukuthi inkosi ezogcotshwa iSilo samaBandla Onke izosiphatha ngesizotha izihloniphe ukuze nayo ihlonipheke. Siyethemba futhi ukuthi inkosi ezogcotshwa namuhlanje izosebenzisana nabantu bayo ukuze kuqhanyukwe namasu okulwisana nezinselelo ezibhekene nomphakathi.

Sikufisela inhlanhla Nkosi Myeni ekuholeni lesisizwe seSilo.

Ngaphandle kokwelula kade, ngizocela ukuba sonke siphakame njengoba Ongangezwe Lakhe ezosethulela inkulumo bese eqhubeka nomsebenzi ongenziwa nguye kuphela wokusigcabela iNkosi yethu.

### **Ngiyabonga**